

GOD'S SIMPLE PLAN OF SALVATION

Introduction

I NgokukaJohane 5:13 Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.

I Intethelelo ephuma kuNkulunkulu. Sonke sonile.

Kwabase Roma 3:10 njengokuba kulotshiwe ukuthi: "Akakho olungileyo, akakho noyedwa;

Kwabase Roma 3:23 ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu;

Kwabase Roma 5:12 Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile;

II Ukufa okuphakade yikhona okusifanele nokuyinzuzo yezono zethu.

KwabaseRoma 6:23 Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.

Revelation 21:8 Kepha amagwala, nabangakholwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabathakathi, nabakhonza izithombe, nabo bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili."

NgokukaJohane 3:16 "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdondana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.



III UJesu wafa esiphambanweni, ethatha isijeziso esasingesethu – ukufa.

KwabaseRoma 5:6 Ngokuba sisebuthakathaka, uKristu wafela abangamesabi uNkulunkulu ngesikhathi esifaneleyo;

KwabaseRoma 5:8 kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.

KwabaseRoma 14:9 Ngokuba ngenxa yalokho uKristu wafa, wabuye waphila ukuba abe yiNkosi yabafileyo neyabaphilayo.

KwabaseRoma 6:23 Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu. Kwabase



UJesu wafa esiphambanweni, ethatha isijeziso esasingesethu – ukufa.

4. Ungayemukela kuphela ngokukholwa emseni nangesihawu sikaNkulunkulu.

Kwabase-Efesu 2:8-9 Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.

Izenzo 4:12 "Ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikiwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo."

TITUS 3:5 wasisindisa kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa nokwenziwa sibe basha ngoMoya oNgcwele,

5 Kukhona uma nje ungabeka ukukholwa kwakho kuJesu Kristu abe nguMsindisi wakho.

Kwabase Roma 4:24 kodwa nangenxa yethu esiyakubalelwa khona, thina esikholwa nguye owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo,

Kwabase Roma 10:9-10,13 Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa; ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, ngomlomo uyavuma kube ngokusindiswa. ngokuba "bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa."



Uma ungathanda ukwamukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho uthole intethelelo kuNkulunkulu, nangu umthandazo ongawuthandaza kafushane. Yazi kodwa ukuthi ukusho lomthandazo, noma ke yimuphi omunye ofana nawo angeke kukusindise. Kodwa ukwethembela kuJesu Kristu kuphela okungenza ukuthi uthole ukuthethelelwa ezonweni. Lomthandazo uyindlela nje elula enceda ukuthi uthululele kuNkulunkulu ukukholwa kwakho kuye futhi umbonge ngokukulungisela intethelelo. Thandaza ke uthi:



"Nkulunkulu,

ngiyazi ukuthi ngonile kuwe futhi ngimelwe ukujeziswa. Kodwa uJesu Kristu wathwala isijeziso sami ukuze ukuthi ngokukholwa kuye ngithethelelwe. Ngiyashiya manje isono sami kodwa ngibeka ithemba lami kuwe ukuze ngithole insindiso. Ngiyabonga ngomusa wakho omangalisayo nokuthethelela – okuyisipho saphakade naphakade! Amen!"